SARS, NPA bazoshushisa abakhokhintela ngamaphepha entela angakathunyelwa

PRETORIA, 16 kuMbasa 2018 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luqale isinyethelo esisha ne-National Prosecuting Authority (NPA) wokushushisa abakhokhintela abangathobeli umthetho, kubandakanya nabasezikhundleni eziphezulu baseNingizimu Afrika, abahlulekile ukuthumela amaphepha abo entela.

Abakhokhintela abatholakale benecala bazogcina befakwa emabhukwini amacala obugebengu.

Lesi sinyathelo sesigwebe umuntu wokuqala e-Port Shepstone ngesonto eledlule. UMnu S Ragunat, njengomelele i-Distributors, ukhokhe inhlawulo yokuvuma icala engu-R5 600 eNkantolo yesiFunda e-Port Shepstone Regional Court ngenxa yokungathumeli amaphepha okubuyisela intela angaphezulu kwangama-50 abandakanya awe-Value-Added Tax (VAT), Pay-As-You-Earn, (PAYE) kanye nawe-Corporate Income Tax (CIT). Wayalelwa wabe esethumela wonke amaphepha okubuyisa intelo ayengakathunyelwa.

Ukuhluleka ukuthumela amaphepha entelo noma e-VAT kuyicala lobugebengu ngokoMthetho wokweNganyelwa kweNtelo kanye noMthethonqubo we-Value-Added Tax.

Ngesonto lomhla ziyi-16 kuya kumhla zingama-20 kuMbasa, amacala amaphepha angabuyisiwe abandakanya amakhulu amaphepha entelo angabuyisiwe azovela phambi kwenkantolo ezingxenyeni ezahlukene zezwe - kubandakanya amacala amane eNkantolo kaMantshi yase-Johannesburg mhla ziyi-19 namhla zingama-20 kuMbasa.

Kuzoba khona amacala nase-Ficksburg nase-Bothaville e-Free State, kanjalo naseNkantolo kaMantshi e-Newcastle KwaZulu-Natal ekuhambeni kwesonto.

Umkhankaso uyindlela yabakwa-SARS yokuqinisa uMklamo wokuBuyiswa kwamaPhepha eNtelo i-SARS's Outstanding Returns Project owethulwa sekuzophela unyaka owedlule lapho abakwa-SARS behlose ukuqwashisa abakhokhintela ngamaphepha okubuyiswa kwentelo angabuyisiwe.

Eminyakeni eyedlule abakwa-SARS bahlangabezane nokwenyuka okungalindelekile kokungabuyiswa kwamaphepha entela kubo bonke abakhokhintela, kubandakanya PAYE, VAT, intela yemali engenayo yenkampani kanye namaphepha entela omuntu ngamunye.

Ekupheleni kukaNdasa 2018, i-SARS's Outstanding Returns Book yakhombisa ukuthi abakhokhintela bakweleta abakwa-SARS amaphepha entelo ayi-30 million, kokuningi kuveza ukuthi umkhokhintela ngamunye wayekweleta amaphepha okubuyisa intela amaningi eyedwa.

Isinqumo sokuphoqelela ukuthobela ngokulandela inqubo yokushushisa kwaba isisombululo sokugcina. Bonke abakhokhintela abazovela enkantolo kwakhulunywa nabo ngaphambilini kwaze kwakhishwa imiyalelo yokugcina ngaphambi kokuthi kuqalwe namacala. Kuze kube manje i-NPA isinikwe amadokodo angama-36.

Ukuncipha ngamandla kokuthunyelwa kwamaphepha okubuyisa intela kwakuyinkomba eveza ukwehla kokuthobela kanti futhi kwaqashelwa uNgqongqoshe wezeziMali uNhlanhla Nene ngesikhathi ememezela izibalo zentela yemali engenile ngonyakamali wezi-2017/2018.